Umsizakali.

Kwaku kona indoda, igama layo lingu Msizakali; yay'isezwe kude pandhle kwe Tawini, lapa yay'ake kona. Ilimile okulingene nayo kanye nomkayo, Abantu babezahbiza ngokuti, Umsizakali wasemapandhleni. Umsizakali, no Ntandose (umkake) babetandene kabi. Bahlala kahle ndawonye, bavumelana kuko konke, kwati konke loko okwenziwa indoda, umfazi wati kwenziwe ngakona, kulungile impela, kungeze kwaba nakweneziwa ngokunye. Isiqeshana sezwe abake kulana kwaku ngelabo, futi babe nomponjwan'abayikulwana, ababebekiwe pansi empongolweni, uce bangalahlekelwa ibo. Yebo-ke futi, mangingakohlwa, babe nezilwan'ezimbili esibayeni, okwakutiwa izinkomo pela. Kwati ngeliuye ilanga, u Ntandose wati kumyeni wake u Msizakali, "Ngiti mina, baba, nga uyiquba enye inkomo uyekufunisa ngayo e Tawini, sizitolele imalana yokuzitengela izintwana esizintulayo; ake senze njengabanye abantu pela nati, sibe nemalana, kati kungosheleni abange ngakanani, esingati falakahla ngabo emaVinkilini sitole isihlabashana siks abukela, nesika sawoti. Leyo mali pela, esebokisini singeze sayitinta, singeze sayihlepula; kodwa kangazi 'ukuba izinkomo ezimbili sizakwenzani ngazo. Futi ngingasizakala kuhambe enye inkomo, ngang'alusa inkomo ibenye nje. Kulula ukwalusa inkomo enye, kunokwalusa ezimbili." (Pela, izinkomo zaz'aluswa umfazi, indoda iyekusebenza yona). Umsizakali wamvumela impela umkake, wati uqinisile, ukuluma ngokuhlakanipa impela; washesha waya kuquba inkomo, waya kufunisa ngayo e Tawini; kodwa esefikile e Tawini kakwabako muntu ofuna ukuyitenga. Umsizakali wati, "he, he, he," ezicabangela yedwa, ezikulumela yedwa, "po, kangisale sengizipindelela ekaya nenkomana yami; ngiyazi ukuba isibaya sayo sikona, notabani edhlelweni layo, futi indhlela epindela emuva ingangayo le engize ngayo"; wasal'esehamba ezishukashuka, njengomuntu ebunile, wapindela nenkomo yak'ekaya.

Kodwa esesendhleleni wahlangana nomuntu, onebashi atengisa ngalo: wati kuye Umsizakali, 'Asipambaniselane, mina ngikunike inkomo yami, wena ungipe ibashi lako.' Wavuma umnikazi hashi. Umsizakali wasizakala impela, wapindela ekaya engasahambi pansi njengomfokazana ombhala. Wezwa ukuba kuhle ukuba nehashi kunenkomo. Nabantu sebezakuti uyinjinga uqobo. Esequbekile elinye ibanganyana, wabuye wahlangana nomunye umuntu equba ingulube, eyisa e Tawini, eyakufunisa ngayo, inonile ingukufa! inhliziyo yake yati kunga ngeono ukuba nengulube enje, kunokuba nehashi, wapambanisa ihashi lake nengulube. Umnikazi ngulube watokoza ngehashi, naye wetokoza ngengulube. Hai! okuka Msizakali!

Wabuye wahamba-ke futi, equba ingulube yake, way'esehlangana nomunye umuntu equba imbuzi, way'eseti kungaba ngeono ukuba nembuzi kunalol'uto olunenkani, olunqaba ukuhamba kahle. Ingulube ib'isimhlupile kakulu, inqaba ukuhamba endhleleni, abeyayishaye—ipum'endhleleni. Iyaziwa pela, inkani yengulube—ifana neyesele. Kayipumi ngalomnyango umuntu afuna ukuba ipume ngawo. Bala-ke, u Msizakali watengisana nalowo opet'imbuzi, wadhlula, wat'engakafiki kude wahlangana nopete imvu, kwabuye kwanjalo, bapambanisana. Kwa kuhle nje kubo bobabili. Wati Umsizakali "Kuhle ukuba nemvu kunembuzi. Imbuzi umuntu angati eyakwabo ka ngulube ngenkani yayo." Wahamba futi; kodwa wabuye wahlangana nomuntu ohamba nenja enhle, wacel' ukub'amnike inja ngemvu yake. Ibe ikulupele kakulu, isindwa umsila, esediniwe ukuyiquba. Wavuma umnikazi nja, efuna inyama. Wayidela inja yake, watata imvu. Inja yahamba imhlupa u Msizakali endhleleni, iluma, ikonkota ngamandhla yonk'indhlela. Ingamazi u Msizakali, Abeyayishaye, imlume. Waze wahlangana nomuntu opete iqude elihle elikulu, elimhlope. Wati 'Uyafunisa ini ngequde lelo?' 'Yebo.' "Ufunani ngalo?" "Au, nenja leyo ungangi-nika nje pela, utat'iqude." "Kuhle pela," Bashinshisana kona lapo.

Umsizakali waqonda pambili, ebamba ekuluma yedwa, eti:—"Kungeono ukuba nequde elihle elinje, kunenja enolaka, elumayo. Sizakusizakala ngokuba nequde, lokusivusa ekuseni." Kwaze kwaba semini esendhleleni, esezwa nokuti usefile indhlala. Wasecabanga ukuti kungeono ukuzisindisa kunokuba nequde; ngako-ke waya kumlimi owaye ake ngasendhleleni, wazitengela ukudbla kuye ngequde. Bambuz' abantu bati 'Kwenze njani, Msizakali, ngentengo yako'? "Wo, bekunge njani, ngingebabaze inhlanhla yami, futi kanginakuziscla, kupendula u Msizakali, was'ebalandisa yonk'indaba, eyaqala ngokupuma kwak'ekaya waze wabuya. Umlimi wapendula wati, 'Kazi umkako uzakwamukela ngokunjani, kaz'uyakutini! Sengati i Nkosi ingaba nawe. Ngingetande ukuba endaweni yako.' Wati u Msizakali: 'Umkami unomusa kakulu, kayikungicela ngaluto, uyakuti ngicolile nje, ngenze kahle.' 'Au! ngiyakubona loko kodwa kangetenhi kuko,' kusho umlimi. 'Ake sibekelana ngako-ke.' Kusho u Msizakali, 'ngincekulu lacompondo pansi ebokisini lami, ungangibekela ikulu nawe na?' Bala-ke babekelana, kodwa walibala kona kwaze kwarwelela, kwati kuhlwa, bahambisana baya ekaya kwa Msizakali; umlimi wama pandhle kwomnyango ezakulalela, kwangena u Msizakali yedwana endhlini kumkako.

(Iyakuqedelwa kwelizayo.)

AmaPortuguese namaNgisi.

Sizwa kutiw'amaPortuguese asezabene namaNgisi, asequpelene nomkumbi yawo njengokozi. Kungafika umkumbi wamaNgisi ngakona, amaPortuguese autate aupange. Umkumbi esiuzwa ukuba autatile, igama lawo u Agnes. Abantu ababehamba nawo babatata bababopa. Neposi futi kutiwa kalinakudabula kona, bayalipanga balibambe. AmaPortuguese kamaningi kakulu. AmaNgisi azakunce awashaye awatulise. Mhlaumbe afuna ukuziwza amandhla awo.

Umhlangaso weqile.

Kokstad, April 20th.

Kutiwa ukuti Umhlangaso no Maputa banyamalele ngokumangalisayo kusihlwa.

Emva kwaloko.

U Rulumende ulayezile Umhlangaso ukub' apindele emaMpondweni ashweleze ku Sigcau abuye ahlale kahle ezweni lakubo, ingabe asiwe e Capetown. Umhlangaso uvumile ukupindela emaMpondweni, loku u Sigcau uvumile ukuliteta kahle icala lake pambi kwezinduna zika Rulumende.—*Times.*

Inhliziyo ende ekuhlupekeni.

Kwakukona intombazan'encane eduze ne Liverpool eyayiya eklazini maSonto onke, iyintombazana etandeka kakulu. Kwati ngelinye ilanga yahlatshwa ukufa, yagula kakulu impela. Umfundisi wayo wayenomusa kakulu, eyihambela futifuti. Ngelinye ilanga wayi letela i 'wine,' ngokuba Inyanga yayite ngainikwa lona, kungayisiza mhlaumbe kuyipe amandhla, yal'amukela yalipuza, ibonga umusa womfundisi. Yabuye yakumbula umusa omkulu waLowo ofundise Umfundisi wayo ukupata kahle abampofu, yati, "O! yek'umusa we Nkosi yami, nomSindisi wami kimi! Lapa yena esezakufa bamletela i 'vinegar' nenyongo bampuzisa; manje-ke, lapa kufa mina, Ungitumele i 'wine'!"

Ipolisa elatata umuntu engone luto.

NgeSonto ntambama, isifazane sisati siyagoduka sipuma eklazini, sahlushwa ipolisa lomuntu. Ladumela latata enye intombazana, liti ibanga ingxabano estaladini, ingani ibizihambela kahle nenye, izitulele. Amapolisa anohlupo; kodwa nabantu futi bayahlupa. Sebevama ukuhamba bexokozela behlupana emastaladini ukuze amapolisa adideke angazi nobane obani abatuleyo, nobane obani abaqal'abanye. Kubuhlungu ukuboshwa lapa umuntu engone luto, asimeze ahlwitwe njengokozi luhlwita inkuku. Amantombazana atolile isifundo namuhla enga esikumbula. Nga eqala ukuzitulela. Isilisa engasiqashelwa kakulu, ngobani si uhlupo olukulu impela. Isifazane asihlupa njalo. Kuyesabeka! Bayazi ukuti ukona umteto oti imabangakulumi kabi emastaladini, kodwa noko ukukuluma okuyicilo akunamkaulo. Amapolisa sengati angalind'avimbe imilomo yabafana, ehlupa kakulu. Ake kuhlwitwe bona, baye kuboshwa.

IZINCWADI.

Umhleli ka vumelani ngazo zonke izikati nezincwadi ezitunyelwa kuleli pepa.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

MNGANE Mhleli omuhle we *Nkanyiso*, — Ngicela indawo.

Into engenze ukuba ngicele indawo e *Nkanyisweni*, ukukuluma kuka J. Mlife, ependula u P. K. Faku wase Mzinto ku No. 51. Ngangiyibonile lenkulumo ka Faku, kepa kangaze ngabeka nanhliziyo. Njengokuba kuka J. Mlife, ukuti izwe lifudumele yini e Mzinto na? ngiti-ke mina usalile omunye umbuzo wokuti, ususigundile yini isicoco na? Uma ungakasigundi nga uke wabuza kwabagunda isicoco kuqala, ukuti, ukugunda isicoco kuyamngenisa umuntu ezulwini na? Ngokuba lombuzo awubuzileyo u Mr. Faku, usekude kakulu kuye, kubonakala nangokushesha ukupata into enkulu kangaka, i Zulu, endabeni engalinge; iloko okwangenza ukuba ngingabeki inhliziyo.

Ngiti-ke mina u Mr. Faku nga ehuse kuqala ukugunda isicoco; ukwesihlu, ukulahla imiya kutangwa netugubo, kuhlalwe emadhlini ezimhlope, kudhlelwe ematafuleni, kulalwe emibhedeni, kwembatwe izingubo kuyekwe isipuku, kungasetyenzwa ngezempuda, kungekwiwa emahashini, ngokuba konke loko akuwusindisi umpefumulo.

E Mzinto bengiti mina umuzi wabelungu bodwa nezisebenzi sabo. Uma u Mr. Faku engomunye wezo, utanele ukukuluma kanje. Laba bantu esebulala kakulu emakishini bangakulandisa laladaba eziningi zabamhlope, kodwa bengatati ngako.

Futi pela, Mr. J. Mlife, ematawini sekukona izikole zakusihlwa zezisebenzi; uma ungane kona, eyabo imibuzo isanganiza ikanda; ngokuba ngemibuzo esanganiseyo kutiwa ikona kwaze loko kubangane. Wena-ke uti kwenziwa izwe ukufudumala e Mzinto? Imibuzo ehlupa o teacher bezisebenzi leyo.

Imibuzo esematywaleni isiskatazile nati ngalapa. Imibuzo elevela isitembu nokulobolisa kakwenziwa nakufudumala okuse Mzinto; ungabuye uhlupeke ngalendaba, Mr. Mlife, ngokuba uhlaumbe ngomuso uzakuzwa omunye umbuzo oti kubhincwelani, ngokuba pela kutiwa lonke leliya lo Mzinto liye lilike kwetama. Mpondo, kakubhincwa, ubuye uhlupeke ukumqanda loko. Owako omunye wenu osepumile emtetweni wesicoco.

Groutville. BENJ. LUTULI.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

MNGANE, — Epepeni lako lokugcina kubonakele amazwi ka Zibukwana, engiti min ligama lobutsha lika Friday Mdhluli, u Mshumayeli wase Springvale, okulumileyo wangijivaza ngamandhla ake onke, ngendaba leyo engiyipeteyo yokungatoliswa sinkwa esifaneleyo kwabafundisi abamnyama. Ngiyabonga kakulu ukuba umuntu onjengo Mdhlali nje, abeke obala isimo sami ukuze nami ngiqonde esake. Kodwa ngicela kuye umfo wetu ukuba ake senbange kahle ngale'ndaba angisola ngayo, nakuba esengahle yena; akumbule futi ukuti *Inkanyiso* ilungiselwe umfundwa izwe lonke, ngako-ke ati, uma ekuluma, avese amaqininiso odwa; ngoba akulungile ukuba umuntu, ehlezi no Nkulunkulu pakati kwake, akulume okungesiko. Mina kambe ngizazikuluma iqiniso lonke engilazeyo ngale'ndaba yami, ngipendule amazwi onke ako epepeni elizayo.

Nkosi, ngingowako
MAGEMA MAGWAZA.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

MNGANE,—Ngivumele ngeyamise epepeni lako lamazwana angemangaki ngisingise kubalo wetu, u B. M. no Ndawozonke.

Uqinisile, Mr. B. M., ungiqondile impela ukuba ngiyindoda engavumelani namanye amadoda ukuba awayi lapo ngibheke kona. Ilengizakukupendula ukukucela ku Hulumeni, funda epepeni lika April 9, 1891, No. 51, Page 2. Ngako-ke angitandi lawo mazwi o Mhleli awasola iqiniso, ubukali bawo buhlabe nakimi, ucilo afe nesihlahla. Uti ngenziwa ukuba ngingenamhau nabakiti? Bengiyakuba nomhau nabo nxa benziwani nguba? Uti ngibona kukuti kukona ukunikalela ngomteto wesiNgisi, sengati ngabanjwa ngamandhla, kanti ca. Kulelo-ke angiswa nokuba utini; uposisile ukuzwa. Ngiti ake ubuke encwadini yami eku March 19, 1891, No. 49, Page 6, ngati, O! Sipundukusitela. Lelolizwi ngalityolo umteto we Roman Dutch Law; wena uti ngomteto wesiNgisi; owesiNgisi ngaungena ngiwubhekile, ngiyawutanda, uyinjabulo yami, ngingenakuzikalela kuwo nambla, wangenza kabi, angiyikuwetuka ngokuba ngavuma ukumlandela u Kwini.

Ngisuka ku B. M. sengikwela pezu kuka Ndawozonke. Ngifumana belele ku April 9, 1891, No. 51, Page 5. Ngisavela ngafumana igama lami lipetwe indawo ezishiyangalombili. Po! ngikohiwa nalapo ngingakupendula kona, ngokuba auliswanga kahle izwi lami, nxa ngikuluma no Mr. E. M. K. Utatazele waya kuvusa o Mr. Lanyazima, owalaliswa ngu J. H. Tshange kabesavuka. Uti ngiyazisola, uti ngangena ngingqondi. Ngiti yini ningangiqondisi nina naziyo, ningafuni ukungena emtetweni wobuula? Lalela amazwi o Mhleli. Uti lomteto enimi kuwo ngowobuhedeni. Uyakumpikisa ngikubone ukuba womvuza ngalipi. Tyelani u Lanyazima niti akatuke inkomo ngombala; u Mhleli namanye amalunga ayakuyitata. Uti ngilinganisa ubulungu ne Bible; aungizwanga ukuba ngitini. Ake ulalele amazwi omfana wokuzalwa, u J. M., April 9, 1891, No. 51, Page 3. Bheka-ke, nambla ngikupendula ngeliti, umteto wokuqala ngowe Bible, kulandele wobulungu, ngokuba nguwo okufanele umkristu ahambe ngawo wonke, uvumelana ne Bible, kugcine umteto wabantu ongasefekile. Ngisapela.

I. CALUZA.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

NKOSI yami, — Ngifakele lamazwana. Sibandhla linye, simbuso munye, inkosi yetu inye esibusayo tina sonke abamnyama, leyo nkosi ingukukanya, ngitsho amaNgisi asipeteyo. Ake silandele konke abakwenzayo emfundisweni. Epepeni lika April 16th, 1891, No. 52, umnumzana u Zibukwana upendula u M. Magwaza, emazwini okuti makucelwe emakosini etu izinhlamvana ezitile, kunikwe labo abapeteyo umsebenzi wenKosi, uti lawo mazwi atukutelisa amakosi. Musa, Zibukwana, uwena umuntu omubi; amazwi ako ayababa ayaluma; umpompoloza udazuluka kangaka ngokuti u Magema umfo ka Magwaza wauti ucindezela Ekukanyeni, wabuya wezwa kutiwa uncsitembu; ngiyabuza ukuti loku kulungile ukukamuluka ngomunye emhlabeni? sindhela zokukanya lezo? Ca, akuzo. Amazwi ka M. M. ayakanya, awako ate buqe ukujivaza nokudumaza; kubi, kumbula, musa ukumgxeka umjivaze umakelwane wako; akunani nokubawakelene naye ngoqobo. Ngitetelele, Mhleli.

B. MAGWAZA.